IBhayibheli LaBantwana Likulethela

Inceku kaNkulunkulu

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus

Ifanekiswe ngu: E. Frischbutter; Sarah S., Alastair Paterson

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2020 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Ethempeli likaNkulunkulu kwakukhona umpristi omdala okuthiwa uZakariya.
UZakariya wayeshisa impepho.

Ngaphandle kwethempeli abantu babethandaza belindele izwi kuZakariya. Washawa uvalo uZakariya.

Kwafika ingelosi yathi, “Musa ukusaba ngisithunywa sikaNkulunkulu. Unkosikazi wakho uzothola indodana.

Igama lakhe akube UJohane. Uzonge-
nywa umoya ongcwele ekuzalweni
kwakhe futhi uzoguqula
abantu abaningi."

Waphuma uZakariya ethempeli. “Khuluma nathi phela Zakariya.” Kwathi nya!

Abantu badideka kanti
ababengakwazi ukuthi
uGabriyela, ingelosi
kaNkulunkulu, ...

... wathi ngeke akwazi
ukukhuluma kuyoze kube
iyazalwa indodana
yakhe ngoba
ayengawukholwa
lomyalezo.

Phela wayecabanga
ukuthi inkosikazi yakhe
yayisikhule kakhulu
ukuthi ingathola
umntwana.

UZakariya wafika ekhaya wabhala konke okwashiwo ingelosi.

Unkosikazi wakhe, u-Elisabethe, wamangala. Kade babethandazela umntwana. Ngabe usuyaphendulwa umthandazo wabo?

Kafishane u-Elisabethe wayesazi ukuthi umntwana useyeza. Wamudumisa kakhulu uNkulunkulu.

Ngelinye ilanga kwavakasha uMariya, umzala ka-Elisabethe. Naye wayezothola umntwana.

Ngenkathi efika uMariya,
u-Elisabethe wathinta
uMariya ukuzwa
umntwana.

Wathi ekwenza lokho
wathintwa umoya
oyingcwele wazi
lapho ukuthi
umntwana
kaMariya
Inkosi
uJesu
Kristu.

Bobabili bagcwala intokozo bamudumisa kakhulu uNkulunkulu.

Umntwana ka-Elisabethe
wazalwa njengokusho
kukaNkulunkulu.
"Muqambe ngokuthi
uZakariya
njengoyise."

kusho abanye abapristi besho kuZakariya.
Uzakariya wakhumbula umyalezo kaNkulunkulu.

"Cha! igama lakhe kuzoba uJohane."
Wathi eqeda ukubhala lawomagama labuya izwi, wakwazi ukukhuluma. Wamud-umisa kakhulu uNkulunkulu.

Ngenkathi ekhula
uJohane wayefana
ncamashi nenceku
yaNkulunkulu
u-Elayija
ngokwezenzo.

uJohane
wabatshela ukuthi
uyeza umsindisi
ezobusisa
abantu bakhe.

Abahholi bamaJuda babemzonda uJohane ngoba wathi: “Guqukani, shiyani isono.” Labahholi babengafuni ukutshelwa ngezono zabo.

Abanye babembiza ‘uJohane uMbhapathizi’ ngoba wayecwilisa abantu emanzini ukukhombisa ukuthi bayazisola ngezono zabo futhi bakhetha ukuguquka.

Ngelinye ilanga kwafika uJesu eze kuJohane ezobhabhadiswa naye. “Ngibhabhadise nami,” kusho uJesu. Nangempela wamubhab-hadisa uJohane.

Emva kokubhabhadiswa kukaJesu, uJohane wawubona umoya oyingcwele wehlela kuJesu njengejuba.

Lokhu kwakuyindlela yaNkulunkulu yokukhombisa ukuthi indodana yakhe uJesu.

UJohane wayebiza uJesu ngewundlu likaNkulunkulu elizohlamba izono zezwe.

uJohane waguqula abantu abaningi kodwa uHerode owayephethe endaweni wayenenhliziyo embi futhi elikhuni. Wambopha uJohane.

“Kuyisono ukuthatha uHerodiya,
unkosikazi kabhuti wakho
njengomkakho,”
uJohane
exhwayisa
uHerode.
UHerode wayelazi
iqiniso. Weyazi
ukuthi uJohane
inceku kaNkulunkulu,
indoda eqotho futhi engcwele.

Kodwa uHerodi wayesikhonzile isono futhi engazimisele ukusishiya phansi.

UJohane wayengeke ayeke ukumshumayeza ngevangeli ngisho engamlonda.

Kwathi sekufikile usuku oluhle, lapho uHerode ngosuku lokuzalwa kwakhe ezenzela idili. Kwangena indodakazi kaHerodiya uqobo, yasina, yajabulisa uHerode.

Inkosi yayisithi entombazaneni: “Cela kimi noma yini okuthandayo, ngizakukunika.”

Wafunga kuyo, wathi:
“Noma yini ongakucela
kimi ngizakukunika, nakuba
kungaze kube yingxenye
yombuso wami.”

Yayisiphuma,
yathi kunina:
“Ngizakucelani na?”



Unina, owaye umuntu ongalungile futhi emuzonda uJohane, wamutshela ukuthi afuneni! Kwakukubi kakhulu!

“Ngithanda ukuba ungiphe khona manje ngoqwembe ikhanda likaJohane uMbhapathizi.”

Inkosi yadabuka kakhulu, kepha ngenxa yezifungo yasigcina isithembiso sayo. “Nquma ikhanda likaJohane ulilethe kumi,” kusho uHerode eyalela ibutho lakhe.

Kwababuhlungu ngenkathi abangani baJohane sebengcwaba inceku kaNkulunkulu eyayinesibindi futhi ethembekile.

UJohane wayesewuqedile umsebenzi kaNkulunkulu. Abangani baJohane bebazi ukuthi uJesu uzobaduduza ngalesikhathi esinzima.

Inceku kaNkulunkulu

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Mark 6; Luke 1, 3

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa." AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi
iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena
unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba
inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni
usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni
yami ungithethelele izono zami, ukuze
ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze
ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade.
Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele
Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu
nsuku zonke! Johane 3:16